



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**UNHLABA/UNHLANGULANA 2024**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 100**

**Lo mhlahlandlela unamakhasi ayisi-10.**

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1****OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Isb. Makaveze isigameko salokho okwamenza wajabula ngendlela engavamile. Kungaba ukuthola iziqu, umsebenzi, imali, ukuqokelwe ukuba abe yingxene yabazoyomela izwe kwezemidlalo, njl. [50]
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Isb. Angachaza ukuthi yimuphi lo monakalo odalwa ukucimakonga kogesi. Kungaba ukulahleka kwemisebenzi, ukufa kwabantu, ukwehla komnotho, njl. [50]
- 1.3 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Isb. Angabhala ngesimo esimenza angakholwa ukuthi nguyena okulesi simo akuso ngenxa yokungalaleli odokotela. [50]
- 1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Isb. Angaveza lobu buhle nobubi bokuba yizwe elingcono kunamanye amazwe ase-Afrika. Ohlolwayo angaphetha ngokubeka uvo Iwakhe ngesihloko.
- Ubuhle: angabhala ngobuhle obenza iNingizimu Afrika ibe yizwe elibukeka lingcono e-Afrika. Isb. Amathuba omsebenzi, ingqalasizinda ethuthukile, imitholampilo/ izibhedlela, njl.
- Ububi: angabhala ngokungekuhle okulimaza iNingizimu Afrika njengoba iyizwe elibukeka lingcono e-Afrika. Isb. ukugcwala kwabantu bokufika abangenazimvume, ubugebengu, njl. [50]
- 1.5 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. **Isb.** Makakhetha uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nesihloko:
- Ukuvumelana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zamathuba oba nawo/zezinto ezenzekayo uma usufunde izilimi zomdabu. Izinto ezintsha ozifundayo kulezi ezinye izilimi zomdabu.
- Ukuphikisana: Ohlolwayo makaveze izibonelo eziveza ukulahlekelwa amathuba/izinto ezenzekayo uma ufunde izilimi zabomdabu. Ukungabi noshintsho nenqubekela phambili ngisho usufunde umatikuletsheni. [50]
- 1.6 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko:
- Ayikho Inkomo Yobuthongo/Iphupho Lami, njl. [50]

- 1.7 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko: Akusihlahla Saguga Namagxolo Aso/ Yeka Lezo Zinsuku/Hamba Minyaka, njl. [50]
- 1.8 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Isibonelo sesihloko:
- Ukuhlalisana Kahle Nabanye Abantu, Ubudlelwane Obuhle, njl. [50]

**AMAMAKI ESIQEPU A: 50**

**QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenye ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenye engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenye. Ayikho ingxenye engenhla noma engezansi.

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi	
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO	28–30	22–24	16–18	10–12	4–6	
(Izimpendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihelela amalungiselelo Ukuqonda inhoso, izethameli kanye nesimo	Ingxenye engenhla	-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangan -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okuhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nenganembi -Akuzwakali kunophindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
	Ingxenye engezansi	25–27	19–21	13–15	7–9	
AMAMAKI ANGAMA-30	Ingxenye engezansi	-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawuze-eseyi enembayo -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipa -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamuukeleka -Kukhona okuhombisa ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhlolweni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akuqondene nesihloko futhi kuphithene

## AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA	14–15	11–12	8–9	5–6	0–3
Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhoso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi  AMAMAKI AYI-15	<b>Ingxenye engenhla</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ulimi luhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukupoqa kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>14–15</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	<b>11–12</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	<b>8–9</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	<b>5–6</b> -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana nenhoso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe
	<b>Ingxenye engezansi</b> -Ulimi luhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	<b>13</b> -Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	<b>10</b> -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	<b>7</b> -Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	<b>4</b> -Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo
Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho  AMAMAKI AYISI-5	<b>5</b> -Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	<b>4</b> -Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	<b>3</b> -Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	<b>2</b> -Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	<b>0–1</b> -Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa****AMAKHODI AMAMAKI**

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile

NQ- ukunqamula

PND- ukuphindaphinda

Q = 30

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile

L = 15

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile

SK = 05

GN – igama elingcono

-----

NK – inkathi engemukelekile

50

GL – amagama awalandelani ngokufanele

KM – akwenzi mqondo

ISIV. – isivumelwano esinganembi

AK – akudingekile

SI – i-aphostilofi engemukelekile

R – irejista

// – khombisa isigaba esisha

^ – kunegama noma uphawu olungekho

/ – ukwehlukanisa amagama

— — – ukuhlanganisa amagama

√ – ulimi oluhle

} KM - isigaba esingenzi mqondo

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba: (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.  
(ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho oyinhloko bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelile.  
(iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho: (i) Siyisigaba esisodwa.  
(ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.  
(iii) Selungavela uvo lombali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**Q = 15**

**L = 10**

### OKULINDELEKILE

#### 2.1 INCWADI YOBUNGANI

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalayo
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isb. (26 Nhlaba 2024/26 Meyi 2024/ 26-05-2024)
- Obhalelwayo makabingelwe sakukhuluma. Thabile
- Isigaba sokuqala angaqalisa kanje: Ngiyathemba ..., Ngiyaxolisa ..., Ngabonga ...
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi (ukumbongela njengoba eseluleme emuva kokugula isikhathi eside.)
- Isigaba sesithathu: ukuphetha incwadi
- Ohlolwayo makasebenzise ulimi **irejista efanele**
- Makavalelise akhombise ukumazi lowo ambhalelayo  
Isb. Yimina umngani wakho  
uLondiwe

[25]

#### 2.2 ISIBUYEKEZO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo abhekise encwadini ayifundile emhlabe umxhwele:

- Imininingwane yencwadi
  - Isihloko sencwadi
  - Igama lombhali
  - Isithombe esisetshenzisiwe
  - Abashicileli
  - Unyaka eshicilelwwe ngawo
- Isibuyekezo sencwadi ngamafuphi kanye nokuphawula nokuhambisana kwaso nesikhathi esiphila kuso
- Ukuphawula ngokuhle nokungekuhle okwenzeka kuleyo ncwadi
- Isiphetho sesibuyekezo
  - Uvo lwakhe mayelana naleyo ncwadi abekade eyifunda

[25]

## 2.3 I-ATHIKHILI YEPHEPHANDABA

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Makube nesihloko. Isb. Ukuvalwa Kwemigodikazi Emigwaqeni
- Igama nesibongo sobhalile elingaba sekuqaleni noma ekugcineni kwe-athikhili. Isb. Ibhalwe ngu ...
- Isigaba ngasinye siba nengqikithi yaso ehambelana nesihloko.
- Uhlaka okungabhalwa ngalo:
  - Isigaba sokuqala - umsuka wale migodikazi esemigwaqeni Isigaba sesibili - isibalo sezisulu zezingozi zale migodikazi
  - Isigaba sesithathu - ubungozi obunhlobonhlobo ngenxa yale migodikazi
  - Isigaba sesine - amathuba omsebenzi azodaleka ukuze kugqitshwe le migodikazi
  - Isigaba sesihlanu - ukugqugquzela ukubambisana komphakathi nohulumeni ukuze kuqedwe le migodikazi

[25]

## 2.4 UMLANDO KAMUFI

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Isihloko: Isibonelo sesihloko
  - Umlando kaSimingaye Zulu
- Isigaba sokuqala:
  - Ukuqala ngamagama akhe aphelele
  - Usuku azalwa ngalo
  - Amagama abazali bakhe (makuvezwe ukuthi basaphila noma cha)
  - Indawo azalelwu kuyo
  - Usuku adlule ngalo emhlabeni
- Isigaba sesibili:
  - Izikole afunde kuzona (amabanga aphansi, aphakeme naphakathi nendawo)
- Isigaba sesithathu:
  - Iqhaza/igalelo lakhe emphakathini
  - Izindawo asebenze kuzo
  - Ukuhlabana kwakhe okwahlukahlukena (uma kukhona)
- Isigaba sesine:
  - Abashiyile emhlabeni
- Isiphetho makukhonjiswe ukuthi usuyaphethwa umlando kamufi. Angasebenzisa la magama isb: LALA NGOXOLO MALANDELA!

[25]

## 2.5 INCWADI YAKOMKHULU

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli lobhalayo elinosuku
- Isikhundla sobhalelwayo
- Ikheli lobhalelwayo alinikeziwe:  
Khanyanamifuthi Projects, Private Bag X 220, Durban, 4000
- Ukubingelela, Isb. Mnumzane/Nkosazane/Nkosikazi
- Isihloko sengqikithi obhala ngayo Incwadi Yokucela Umfundaze/ INCWADI YOKUCELA UMFUNDAZE
- Isingeniso: ukuzethula (makuvele ukuthi ungubani nokwethula ingqikithi yodaba lwakho.)
- Umzimba wencwadi: ukuhlala odabeni nesizathu esenza ucele umfundaze
- Isiphetho: ukuphetha ukhombise inhlonipho. Isb. Ngiyethemba isicelo sami sizokwamukeleka
- Ukuvalelisa. Isb. Yimina ozithobayo  
uPhilani Zuma / uBongi Zuma (Nkz./Nkk.)

[25]

## 2.6 INKULUMO-MPENDULWANO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Bhala isandulelankulomo ngokuqamba abalingiswa, (igama lomngani wakho nelakho), indawo kanye nesikhathi
- Bhala amagama ezikhulumi ngasesandleni sokunxele
- Qalisa ngonkamisa u- 'u-' omncane. Isb. uThemba
- Sebenzisa umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha
- Inkulumo-mpendulwano mayikhombise ukukhula: ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho

[25]

<b>AMAMAKI ESIQEPU B:</b>	<b>50</b>
<b>AMAMAKI ESEWONKE:</b>	<b>100</b>

**AMARUBHRIKHI OKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**  
**Incwadi Yobungani, Isibuyekezo, I-athikhili Yephendaba, Umlando Kamufi, Incwadi YakoMkhulu, Inkulumo-mpendulwano**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
<b>OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO &amp; NEFOMATHI</b>  Impendulo kanye nemibono Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo  <b>AMAMAKI AYI-15</b>	<b>13–15</b>  -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandelana -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	<b>10–12</b>  -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandelana kokukukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	<b>7–9</b>  -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni – inamaphutha esendimeni -Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	<b>4–6</b>  -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	<b>0–3</b>  -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
<b>ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA</b>  Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi  <b>AMAMAKI AYI-10</b>	<b>9–10</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	<b>7–8</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Kunamaphushana	<b>5–6</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	<b>3–4</b>  -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amanangi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeiki kahle	<b>0–2</b>  -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisani nenhloso -Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu